# Ezempilo Eziseqophelweni Eliphezulu Kubasebebenzi Abazinikele

Kubika u-Enhle Ngcobo kanti Izithombe zithwetshulwe nguLondiwe Ngqulunga





NgoLwesibili ziyi-7 kuNhlaba wezi-2019, uPhiko olubhekele Ezempilo Nenhlalakahle Yabasebenzi lusingathe uhlelo lokuxilongwa kwabasebenzi bomnyango. Lolu hlelo lusingathwe eNhlokohhovisi, i-Oliver Tambo House eMgungundlovu.

UPhiko olubhekele Ezempilo Nenhlalakahle Yabasebenzi lusebenze ngokukhulu ukuzikhandla lokhu luqinisekisa ukuthi abasebenzi banikezwa ezempilo abazidingayo eziseqophelweni kwazise phela ukudala isimo esihle sokusebenza kanye nokwenzangcono ezempilo yabasebenzi kungeminye yemisebenzi ebhekene nalolu phiko.

Lokhu kuxilongwa bekubandakanya izinto ezehlukene eziphathelene nezempilo okuyilezi: ukuhlolelwa iSandulelangculazi, ukwenza i-pap smear, ukuhlolewa ushukela, umfutho wegazi ophezulu kanye ne-cholesterol.

Ngenxa yokuthi lolu Phiko olubhekele Ezempilo Yabasebenzi seluzakhela ubudlelwano obuhle nezinhlaka zangaphandle olusebenzisana nazo, sekuyinto ejwayelekile ukumema abezempilo abavela ngaphandle koMnyango ukuzoxilonga abasebenzi. Ezinye zezinhlaka okusetshenziswana nazo ebezikhona yilezi; abakwa-GEMS abebelekelwa ikakhulu abasebenzi maqondana nokujoyina noma ukwenza izinguquko mayelana nobulungu kanye nokunqamula ubulungu, ukukhokha kanye nokunye.

Kulolu hlelo lokuxilongwa kwabasebenzi, abakwa-Maima and Event Management (Pty) yibona ababene woza woza. Babene woza woza njengalokhu bebelokhu bematasatasa bebhucunga abasebenzi imizimba. Iningi labasebenzi ababehlabe uhele belindele ukubhucungwa imizimba baye sebenikela ngegazi ukukhombisa ukuzibongela kwabo nokweseka abakwa-South African National Blood Services (SANBS). Lesi senzo yisona esihlabe umxhwele kulolu hlelo lokuxilongwa kwabasebenzi saphinde sakhombisa inhlosongqangi nokubaluleka kwaso ekuhlomuliseni nalabo abazosizakala abalidingayo igazzi emphakathini eyahlukene, iziguli ezibhedlela ezehlukene kanye nangezikhathi zezimo ezibucayi eSifundazweni saKwaZulu-Natali.

Kufanele kushayelwe ihlombe nokufika kwezinhlaka okusetshenziswana nazo ezahlukahlukene, sibe singayibukela phansi imisebenzi yabasebenzi boPhiko olubhekele Ezempilo neNhlalakahle Yabasebenzi

emnyangweni okuyilona oluqinisekisa ukuthi abasebenzi bathola usizo lwezempilo olusezingeni eliphezulu.

Lokhu kuseyisiqalo nje. Kusekuningi okuzayo.